Kwa Ngobamakosi.

Ugudhlukile.

ISITOLO ESIDUMILEYO SAKWA NGOBAMAKOSI SIGUDHLUKILE SIYE KULONA UHLA LAPO BEKUKONA ESIDALA NGANENO kancane kwesincane ku 109 Field Street.

Lapo indawo ibanzi kakulu, kukona nesitezi. Sewafika noNGOBAMAKOSI loku kade epesheya eIndia. Ufike nezingubo eziningi nazo zonke izinhlobo kusukela onyaweni kuya ekanda. Imisiko yakona yabesilisa nesifazane idhla umunyu.

Kumbulani ku 109, Field Street lapo emise kona manje.

Nantsi Intengo Enhle

Ofuna Isimbongolo, Odonki, Amahashi Amahanis amadala nesinqola nezingqukumbane angazi tola kwa- L. JACOBSON, KU WILLIAMS ROAD EZIBUNGA. Eduse nama ofisi amalisho. Kukona izimbongolo 200, odonki abamashumi amahlanu kuya ekulwini kanye futi nesinkabi eziningi zokubotshelwa nesinkomazi namatole, nezitole. Umuntu inxenye yemali ngaba isikweletinxa engabambisa ngomhlabati noma isetembiso senoti esibhalwe umuntu owazekayo.

Utengisa nangezinkomo

L. JACOBSON,
Horse Dealer,
Williams Road,
DURBAN

Bonke abatenga izinkomo aboqala ngokucela incwadi yopete idipi lalapo izinkomo ziya kona ngoba akuvunywa nxa ziya lapo idipi lingeko. Abantu abayuhlupeka ukufuna imvume yokuhambisa izinkomo ngoba yocelwa uye uMr. Jacobson

ISAZISO

KUBANTU BONKE NEMIHLOBO.

Station Pharmacy, Ltd.

3, RAILWAY STREET, DURBAN.

Ikemisi Lempilo ngemit'enamandhla

Ikemisi lokuqala uma upuma ngaseStation, 3, Railway Street. Libhekene nesiteshi esikulu sesitimela eGushede. Sazisa zonke izihlobo zetu nabo bonke abasiswa ngendaba ukuba sesisukile kuRailway Pharmacy lapo kade sikona iminyaka eminingi. Manje sesiseStation Pharmacy, 3, Railway Street, iKemisi lempile ngemiti enamandhla.

Sazisa zonke izihlobo zetu ezisaziyo nezisifunayo ukuba asisenanhlangano naleloKemizi eliku No. 13, Railway Street. Bonke abahlobo betu mabeze lapo sesikona. Niyobona ngepulangwe emnyango elilotywe kanje:—

Ikemisi lempilo ngemiti enamandhla,
STATION PHARMACY, LTD, CHEMIST,
3, RAILWAY STREET, DURBAN.

Sazisa yonke imihlobo yetu egulayo nekatazwa izifo ngezifo ngaleli Kemisi elinosizo, Leli Kemisi linezinhlobonhlobo zayo yonke imiti eqondene nezifo ezandleyo kubantu. Linemiti yamaNgisi (English Medicine) neyamaBhunu (Dutch Medicine) neyamaFulentshi (French Medicine.) Sazisa yonke imihlobo yetu ekude neseduze engenamandhla okufinyelela lapa kitina ukuti bangatumela imiti abayibonayo ukuti ingabasiza kulemiti. Nantsi imiti yetu:—

UMXUKUXO:—Amapilizi enyongo iwona mapilizi akipa yonke inyongo esindala ehlezi ematunjini. Lamapilizi aqeda ukukwelwa yikanda, ukukatala komzimba, aqeda isinxi, ukuqumba kwesisu nayo yonke inkatazo esesiswini ebangwa yinyongo, Gwinya uhlamvu lube lunye nxa usuyolala, lukipa inyongo uni'mangaliso Ibhokisi lawo libiza 1s, ngePosi 1s. 2d. Tumela namhla, ibhokisi lamaPilizi igama lawo UMXUKUXO.

UMADUDULA:—Kufunyenwe umuti wezilo ezibomvu. Lomuti omusha osanda kufika (Egyptian Vermifuge.) Nxa uke wawupuza kawubuyi wodwa ubuya nezilo ezibomvu nezimhlope nempetwane noma sezehlule yonke imiti, yabelungu noma yabantu ufike wona uzibeke pansi, ukipa nezicashe enanzini uMadudula, uza nazo ngokushesha uzibone ngamehlo. Tumela ibhodhlela lawo wena okatazwa yizilo. Ibodhlela likaMADUDULA libiza 1s., ngePosi 1s. 3d

AMANQAMU:—Idumela lalomuti selikuyo yonke indawo, sinabantu abaningi osubasindisile kulesisifo, welapa iDrop ukuvuza kwesidoda (Clap), ukuvuvuka kwezimbilapo, ukuqaqamba nokushisa esinyeni, Isicenene umshobingo oshisayo AMANQAMU kulesisifo kawugeji ususize abaningi abaseDorobheni nabasema kaya. Ibhodhlela lamaNqamu libiza 2s. 6d., ngePosi 3s. 10d, elikulu 4s. 6d., ngeposi 5s. 6d.

UMANQOBA:—Iwona muti onqoba ugcunsula uJovela (Syphilis), welapa izilonda ezingapakati nezingapandhle, ukuqubuka emzimbeni, nezilonda ezenwa yisayo, ulungisa igazi elonakeleyo. Ibhodhlela likaManqoba libiza 2s. 6d., ngeposi 3s. 6d, elikulu 4s. 6d, ngePosi 5s. 6d,

UMAPENGULULA:—Iwona muti womkuhlane uqeda ukukwelwa ikanda ukufudumala, amakaza, uqeda Imfiva ngokushesha. Ibhodhlela likaMapengulula libiza 2s. 6d, ngeposi 3s. 10d., elikulu 4s. 6d, ngePosi 5s. 6d.

Zonke izincwadi ezitunyelwayo bhala uqondise lapa:

Station Pharmacy

MICHEL L'ETANG

3, Railway Street, DURBAN

LABA ABANOMZANE BABESE KEMISI OKWAKUNGELIKA TREMOULET KUQALA.

Isifundo seSikole seSonto

Esesibili, Jan. 11 1920.

OPetro noJohane belapa unyonga. Izen. 3:1-16.

Otisha. Izen. 3:1-26.

ISITATELO:—Yelapani iziguli, nivuse abafileyo nihlambulule amalepero, nikipe amademona: nipiwe ngesihle, nani yipani ngesihle. Matt. 10:8.

Okujongiwe emakilasini ezingane: Ukubamba umoya kaPetro wokulungela ukunika loko anako; emaklasini abadala kufanwe ukubamba amandhla kaJesu ekusizeni abanye nokudumisa yena njengoba kwenza oPetro noJohane.

Ihlelo A emaklasini ezingane. Lande indaba yokusindisa kwaoPetro noJohane unyonga lolu niqamise kakakulu izihloko ezintatu, lezi:-unyonga olusweleyo; oPetro noJohane bekupuka beyokuleka etempeleni; ukukipa kwabo okukulu kunako konke; ukujabula nokubonga komuntu opilisiweyo; ukumangala kwabantu; udumo olukaJesu ayi olwabafundi.

Okufundisa tina: Amazwi esitatelo ugamazwi kaJesu kubafundi bake ukuba banikele abanako abanye loku abakupiwe ngesihle. Konje babetoleni? UPetro wati onyongeni, "Isiliva negolide anginalo kepa loku enginako ngikupa kona." Wamupani? Wamupa ngegama likaJesu.

Ihlelo B. lama'zilasi abadala. Ekuqaliseni kwesifundo, bonke macabange bese bekumbula ukuba nati singaba njengoPetro noJohane nokuba ubani onjengesipanzi esilunyonga Okokuqala kwaku yihora lomkuleko oPetro noJohane babeya etempeleni. Ubapi ke wena ngenkati yeSonto?

Esangweni etempeleni kwakukona umuntu epanza ngoba elunyonga. Kwaku umkuba umuntu oyisilima engenamandhla okuzisebenzela ukuzipilisa, ukuba ahlale ngokucela kwabanye, kutike njengoba abantu abasontayo yibona bantu abanesihau kunabanye izipanzi zazitanda ukuhlala ngasemasangweni etempeli. Lesi'panzi sifanekisa umuntu osweleyo ngoba kanakuzenzela luto. Esikundhleni sokumsiza ngakucelayo uPetro wenza okungcono. Mhlaumbe uma uPetro waenemali waeyaumupa yona. Kepa loko kwakuyakuba kubi! Kepa uPetro ulungele ukumupa anako kwati ngegama likaJesu unyonga kwatiwa malusuke. Kwaba yisipo esikulu yini po leso! amandhla okuma nokuhamba ngani waengazange akwenze loko. Dukaduku umuntu lowo kaz'ukube esadinga ukucela ukupiwa uzozitolela yena imali. Wonke umuntu wabona ukuguquka kwake bamangala bazi ukuti waehlala esangweni elihle letempeli mihlayonke. Kepa wanamatela koPetro noJohane wabonga uNkulunkulu.

Abantu babutana bamemeza ngalesisimanga. Lokoko kwaku yituba likaPetro lokushumayela, walibamba. Wakombisa ngesimangatiso lesi wabuye wabonisa ukuti kungenxa yokukolwa egameni likaJesu okusindise lomuntu, wase ebabonisa ukuswela kwabo komoya nokuti uma bependuka bekolwa, yena loJesu angababapa ukupila okupakade wafakaza ngokuvuka ekufeni kukaJesu ukuti kwaba ubufakazi bokuti wab'dtunywe nguNkulunkulu.

Imbala wena, we mfundi weNkosi uJesu, unawo nje amandhla okuguqula inkambo yomuntu baze bamangale bonke abantu? Amandhla kaJesu ase yiwo lawo nanamhla. UPetro wakipa ayekwamkele; wena wamkeleni? Kukona abantu abayizimbuka njengonyonga lolo abangenamandhla okuma nokuhamba ngezindhlela zobuKristu ngoba bengakoliwe amandhla kaJesu. Balinde usizo olungavela kuwe. Masipaule ukuti lamandhla ekusebenzeni kobuKristu avela ngokungaboni ubuyena umuntu nokungazisizi, yebo umuntu angaziboni namandhla ake abambelele kwaweNkosi isebenza ngegama layo.

UTO LOKWTENJWA.

Ukuhlambulula kuyavama ukufika ngalenyanga. Kuhlinzeke. OkaChamberlain womoya esiswini nowokuhlambulula utata kanye futi aushayi pansi. ungahlala uwetembile sonke isikati. Utengiswa yibo bonke abatengisi.

Ngempucuko.

(Ngu Rev. P. LAMULA)

Ake ngikombe loku ke: Into embi kubantu bakiti yile. Abanye kubo, mhlaumbe basemaplazini, mhlaumbe konokeshen', mhlaumbe kolizevu, nokubapi - napi, bemi ngenhliziyo yokuti: Ukuhlupeka kwami ngokulwela ngoba ngibe isisebenzi njalo komunye. Lomcabango onjalo ubulale upele kona namhla nje. Ake ngegene kulomcabango wokuti: Ukuhlupeka kwami ngokulwela ngokuzeina ukumisa imisebenzi, nga'elisu. Ok kona kubunge uba amadoda, nezinsizwa, nabefana, bashiye amakaya, nemizi, noyise, nomina, yiko ukuma ngobusebenza kwakubuna ngokuzisebenzela. Kepa noma unguani sihlobo, etandi ukuma ngobusebenzi, ngikukumbuze izinto ezimbili ezizakushesha zibenzima kowe, zikwenze intandane engaayise engenanina!

Enye kuleziinto: Abanye bati, uma sengiswele imali maqondana nokuhlupeka okutile, mhlaumbe ukutela noma ukutenga ukudhla, ngohamba ngiyosebenza eTekwini noma eGoli noma - pi. Kepa kanjalo - nje, ngiyakusebenza umsebenzi ka "Ngqazu, suka wetu." Kodwa lomsebenzi uyawazi ukuti owezikwepa lizelishone, uqumisa igazi, wenza izibhobo. Esikatini esitile uza kukwenza ube isiguli esingasenakuzikota, kepa noko izinhlupeko zibe zilhahile peza kwako! Okanye - ke yiloku ukuba, amandhla obusha ayapela. Akunakwenzeka umelane njalo nomsebenzi ka "Ngqazu, suka wetu." Bhekani, bakiti, yikoloku okuzakuncenza uhlobo lwakiti lungale lusaba namaxegu. Kuhle sizane ukumisa imisebenzi yetu. Abakiti bafunde ukusebenza kwabakiti Ngokuba ukusebenza kowakini, kuya wenza akubonele ele noma uzibika ngokugula, kunokuba umuntu akukahlele ngesicatulo lizelishone noma uti usebenza kanjani, futi kunokuba umuntu akuxoshe kanti uzibika ubuhlangu! Kuyangimangalisa njalo ukuti abakiti boze bapapame nini, bazenze abantu ngokwabo! Kelezizinkulumo (articles) zami ngoCivilisation ngitanda ukungena ezintweni eziyimitombo impela yokuma nokuwa kwesizwe sakiti ngoCivilisation. Izinto ezinzima kabi kwabakiti namhla, ukuba kukona abaningi kabi asebeziuikele ekuzuleni bengasanaki luto ngemizimba yabo, namakaya abo, nezingane zabo, noyise, nomina, nodadewabo, nabanewabo, nezintombi zakiti emakaya ezinhle! Kepa kukona abanye bakiti esebeyimititimbili nje ngoba sekumnyama ngemva nangapambili, nangapa, nangapa. Nampake esifuna ukufika nobhaqa loka Civilisation kubo, sibakanyisele. Abanye bakiti abapete ubhaqa luka Civilisation, mhlaumbe sebenjengo Elijah umprofeti owadikiwala ngokuciteka kwaba Israel, wancama ukuzibulala. Kanti - ke ca. Base kona abazinkulungwane ezi 7 abangakanguqeli uBali". Ngiqonde ukuti, basekona njalo esingaba kanyisela ngoCivilisation baze baye bati qwa kuye, noma yibo noma izizukulwane zabo. Senginitshelile ukuti kwakunje ngalezi izizwe ezitiwe Civilized Nations namhla; lezi namhla ezihamba pezu kwamanzi ngemikumbi, zihamba ngezitimela ziqonde empumalanga, entshonalanga, enyakato naseningizimu, lezi ezikuluma ngezingcingo, ezaka izindhlu ngezinsimbi, ezibumba isihlabati nempushana, usemende, kube itshe, ezibumba udaka kube ngamatshe isitini, ezikanyisa ngombani (ugesi) ezikuluma namhla ngocingo lomoya, ezindiza namhla emoyeni, esezihlanganise ulwandhle nezwe nomoya, kwabamhlaba munye. Konke loku yiko okubizwa ngokuti Civilisation. Namhla bakwetu kusweleke umqondo kaTekwane, ohlala eguqula indhlu yake ukuze noma yimupi umoya. Sibona abanye kwabakiti, beloku bemoya ubheke kwaZulu, bengaqoadi ukuti selipendule ishisandhlu, sekusweleke bafulatele izintuli babheke eningizimu. Isazi saseTarsu, uPaul, umpostoli uti: Lapo ngise umntwana ngazindhlisa okomntwana, kepa lapa sengiyindoda ngayeka okobuntwana. Ngakoke uCivilisation waqutshwa yiloko kwabamhlope futi nakiti uyakuqutshwa yiloko. Pakati kwamazwi olimi lwamaNgisi kukona elinye elitiwa Fortitude, okuti isibindi esinika umuntu amandhla ukusale selwa nma esefiewe yingozi, futi kungaseko sikati sokuyibalekela. Njengaloku ngapa Equdeni, kwake kwapuma imbabala ehlatini, yateleka kumuntu ebopa izintungo (Izintingo), wasala esebhudukezana nayo ngembazo ngoba uma wabaleka, yaizakumhlaba. Kanti wayishaya wayihlahla ikanda yafa! Kunjalo namhla zama ukupumelela kona kanzima. Ngijabule kabi ukwazi ukuti bakona abatile bohlanga esebesemabangeni atile kaCivilisation wabelungu ngoba namhla umuntu etebesela 'debesela' loku abanye abapumelele ngako usezilimaza. Kukona abakiti esebefunde ukubhala izincwadi noma ngesiNgisi noma ngesiZulu, abanye sebebhala emaofisi akwa Muhle eTekwini, abanye eGoli, napi, napi, abanye bayafundisa ezikoleni, abanye bakanda izicatulo, abanye ba dabula izingubo abanye basemashabhu, abanye balima naloku, naloku.

UTINTA IBALA.

Mus'ukuguliswa inkwantshu yomoya nobuhlungu esiswini ingani oka Chamberlain womoya nokuhlambulula uye uike qata lapo ufa kona unike ikefu. Mus'ukuhlala ungenawo uma uke uguliswe ukufa okunje. Utengiswa yibo bonke abatengisi.

AmaHlubi

(Ngu M. M. FUZE.)

Isahluko XXII.

UKUGODUKA KUKALANGALIBALELE.

Kulezonsuku inkosi seihlezi ngasentshonalanga kwoMgungundhlovu pansi kukaTelelega inkosi yamaMpumuza yehlelwa umkutshanyana ombana nje yagingqika endawaneni encane nje. Kwahle kwati kuzo lezo'nsukwana yabe iyagoduka njalo. Po-ke uHulumeni, ngomusa nokuhaeka kwake, wayuma ukuba amaHlubi atavale isidumbu sake ayekuzikwezela njengomkuba wokwenza kwakubo Esekuvumile loko waba nomusa futi wokusitwala ngesitimela siyiswe ezweni leke abe ale k lo. Emva kwaloko uHulumeni ngomusa wake, wawatetelela amaHlubi izwi lake abe eselikulume waliqinisa ngapambili, lokuti akusayikuvunywa ukuba kube kona isizwe sasemaHlutshini emva kukaLanga libalele, noko wayibeka indodana yake uSiyepu abe inkosi yamaHlubi esikudhleni sikayise

Isahlulo XXIII

AMAZWI OMBHALI WALENDABA.

Bantu bakiti,—Ngiyigcinile namhla le indaba ebuhlungu yokuciteka kwamazwe asemaHlutshini nelakwa Mazibako. Angitokoziswa luto—ukuxoxela abantu abangelekeleli muntu odabe ni 'lwakubo—ingabi kwoza kukale nyonini b s s a m b u l u k e ebutongweni. Kodwa nami ngiyazi ukuti kabanako ukungelekelela ngaluto ngenxa yokuba baseloku bazitshaya izikundhlwana mihla yonke, ngitsho bonke nje nalabo asebehamba ngezinzime njengami nje. Nami ngangitigasho ukuti ngixoxela bona kakulu kodwa nganginxanele ukwazisa abazovela okwaka kwenzeka bengakabiko. Umbuso kaHulumeni muhle, ngoba uyabahaukela abantu bake noma sikala sizibinya kwesinye isikati okanye sizibulala tina ngokwetu. Kade ommeli Allison, Lewis Grout, Lindley, Sobantu nabanye abahle baqala bememeza beti asizitengele umhlaba nati, kepa akuvumekanga loko ezinhliziyweni zetu, ngabo ubulimana lobu obuloku basipata mihla yonke. Into kambe esiloku sayigabisa ewona mbuso wetu, ngukuhlaba amahele ukuyakupuza amatshwala, esiwapuza qede sibuye sidebezane amakanda; besesitata nenkongwana esinayo siyakuhlaula ngayo komkulu; abe uHulumeni engavumanga ukuba senze loko Asiyiyekile futi imikuba yobututa eyayenziwa ngabangapambili kwetu—ukuti lapa umuntu egula kuyiwe e z a n u s i n i kuyobulwa — ingati emaqinisweni yibo abantu abati beya esanusini besebemnukile omunye abazauti uba bafike kuso sebesitshayela, sibe sisanuke loko abangakuvumiyo batshaye kancane basiqandelise njalo size sifike kwabapume ekaya bekuqondile andaba bavume nangemilomo yabo beti "Waukona mngoma!"

Bakiti, konke koyapenduka namhla, kuvela okutsha. Makuyekwe okudala kwenziwe okutsha, kulandelwe izizwe ezihlakanipile. Ngiyazi ukuti uma siqinisa sonke siya pambili, siyakugcina ngokufinyelela kuloko esikufisayo. Esicelweni sami sasekadeni ngangite: "Ngicela ukuba kuvele amadoda ayishumi nambili awatandayo ukuba kwenziwe amabhuku alezi zindaba." Kepa kuze kube namhlanje kutule nya; sekute nalabo ababengikahla ngaleyondaba bati uba bezwe isicelo leso bafinyelisa okomsundu. Po-ke nami ngiti akusilo icala lami ngedwa leli, ngelabo bonke.

New England,
P. M. Burg.

Ezase Polela.

Sala ilanga! alivumi nemvula izulu Kuleli lakiti zipumile izipani zezinkomo, namahashi etc. izipani ziyapambana. Umhlabati ulukuni manje kuyilapo nesikati sokuhlwanyela sidhlula masinya.

o o o

Lapa kiti ePolela eyonanto epambili kakulu ukulima umhlabati.

o o o

Sngati indhlala izobaningi ngonyaka o z a y o. N g i n o s i z i ngcba indaba y o k u l i m a ayiligugu kiti lusapo olumuyama. Funda ngendaba ngokulima ehlalwa njalo lapa epepeni lakiti ngu Father B. Huss, ukuze ube omunye wabaLIMI abapumeleleyo. Mina uqobo, ngingumlimi nobaba.

o o o

Sozé sibe nayo nini tina luhlanga lwakiti iFARMERS ASSOCIATION? Bakiti ngati siyapambili kanti angibonisiya emva, impela, imbala nje siya emva ngoba izizwana lezi ezingeluto sekuyizona esezidhla izindawo zetu. Nitini ngamaIndian lawo asengenise impahla. Lapa nalapaya owawuti indawana yomuntu, uzwa kutiwa, leIndian tengile. Asilahle yonke lengqondo esinayo yokuti, wonke umuntu uzoba ngutisha. Ake nisho, zingaki izikole ezingafundiswa yibo bonke laba abafundela ubuTisha? Nemali yobancane uma izwe lonke selizaia otishela. Kuyinto enhle bakiti ukusebenzisa inhlabati futi uma isebenziswe kahle iyatolisa.

KANT'UKWONGA.

Kubiza imalana nje ukuba uhlale nokaChamberlain womoya nokuhlambulula ebhokisini lako lemiti, kanti ukwonga isigcino. Uyasindisa sonke isikati futi ngokushesha. Utengiswa yibo bonke abatengisi.

Ezase Mpolweni.

(Ngowase MPOLWENI)

Lapa kiti kufe omunye wabantu abadala balomuzi waseMpolweni—uPaul Simamane. Ufe ngoNovember kwaDumisa lapo ebeshlale kona unyaka. Waba lilunga lalelibandhla iminyaka emininga, onke amaSonto ubeye abonwe eya kushumayela egatsheni elinye eliseduze nalapa. Wab'engaze angaputa endaweni yake pakati kwamaLunga ngeSonto leSitebe. Waevama ukushumayela ngamaSonto ntambama noma kusihlwa lapoke waslibeka iqiniso ngeyake nje indhlela eyahlala ikunjalwa yilabo ababemuzwa. Ubeyindoda ekwenzayo ekushumayelayo Sidatukile ukuba kafelanga lapa endaweni ehlala kuyo iskati esingaka nokuba isidumbu zake singalali ematuneni aseMpolweni, lapa lapo alahla kona abaningi ekuluma emazwi okuyala eduduza. Weganwa kwaze kwaba katatu. Ushiya indodana eseJohennesburg namadodakazi amabili oMrs. Lazarus Mngomezulu noMrs. Moses Ndhlovu abake kona lapa nesibakalelayo,

o o o

Siyabakalela naoMr. noMrs. John Skosana abasanda kushonelwa yindodakazi yabo encane uHilda. Wab'eloku azalwa elubuka ehlala egoniwe njalo ngunina. Sikulekela ukuba badudazwe ngulowo "Opata amawundhlu ngezingalo zake."

o o o

Wab'ehambele lapa kubo uMrs. Mtembu (Lenah Makatini) ngoNovember wahlala amasonto amabili. Ubukeka encibilikile ongati impilo yake entsha iyamvuma. Wab'eyintombazana eqabukileyo eselapa etandeka kulo bonke nalaqo ekona siti uyohlalisana kahle nabasemzini.

o o o

Izikole—esabantwana noStandard V. zahlolwa nguMr. Gebers ngoDec. 12th mzukwana kuvalwa izikole. Washo keka laze lashona umhloli ekwelene nam238 ezingane eqale ngo8 kwaze kwaba ngu 5. 30. Zazigula eziyi 9 UStandard VI. wahlolwa ngo 9th 10th no11th December lapo kwema uRev. W. Ewen eyiCommissioner.

o o o

Sonke siyadabuka loku uMiss Miriam Mkize waseGeorgedale usevalelisile, loku kade efundisa lapa iminyaka etile usepindela eCollege ukuyofundela iSecond Grade Certificate. Amantombazana aseCollege amvalelise ngebhokisana lokulobela kwati abantwana besikole nezinye izihlobo bamupa iBible lesiZulu neFountain pen (iStylo.) Sonke siti mahambe kahle kwazise hese simojayele esengowakiti. Sizobonakala isikala sokuzipata kahle kwake umuntu otobile, esikoleni naku Sunday School napakati komzi.

o o o

Kwakuzakuba kona iKonsati ngokuhlwa kwolwesihlanu ngoDec. 12 kepa bonke babekatele befile emva kokuhlolwa futi labe lina kusihlwa lase liyekwa. Sezwa ukuti abaseCollege balenza elabo eDining Room, nakati kwakuugeko muntu wapandhle laba mnandi kakulu kulabo abakekona. Kwakukona amagama ayi16 ahlatshelelwayo kwati pakati komdhlalo onke amantombazana apiwa izipo zikaKisimusi. Kwakuqelwe ngokupuza itiye ngapambi kweKonsati Bonke bamuka ngoMgqibelo sebuya emakaya kwasala labo kupela abangenakutola iziti mela kuze kube uMsombuluko.

o o o

Njengoba selinile nje uti luwe ngendhlebe ekulimeni. Abesenawo amatoyana nabanodonki benenhlanhle sebepishekile besebenza loku iningi babulawa ngumkuhlane wamakizane. Setemba usupangalele lapa umkuhlane loku sekupele amasonto atile kungasafi nkomo.

Ukuvimbela ukuvukwa yiGrip.

Lesi isikati enyakeni lapa lalo abakade beguliswa yiloloboho lwemfluenza olutiwa yi "Grip" lapo sebeguliswa okulandela njalo ukubagulisa kwesolesisifo.

I"Grip" ishiya igazi seli amanzi kuti loku kupapateka okwelama lomkuhlane kube lukuni kakulu ukuzwa imiti. Kuswelele kulungiswe loku anduba isifo selapeke kutiwe sipelile, Inxa igazi liselula kuyahlala kukona ukuvukwa yilesisifo njengoba bazi bonke! Ukufudumala nokutula kodwe kuyesiza kepa akubi isikati esidelejalo Nobutongo akupukuzi akuyihlumeleli imizwa ehlala idoseka kakulu.

Ukupela kwendhlela efanele yokulungisa lomlandela we"Grip" ngukwakaigazi, amuko ke umaki wegazi odhlula amaPink Pills kaDr Williams.

Linele igazi eselivaselelwe lihambe emzimbeni ubese uzwa nje nawe ukuti ungenwe amandhla aduduzayo. Kuyengokuya umbala ubuyele ezihlatini ezipapatekileyo kuti nenhliziyo ibe mhlope nokudhla [illegible] kahle bese uba sendhleleni yo[illegible]ila

Umtengisi wakini uyatengisa nazamaPills kaDr. Williams noma kona ngqo kwe Dr. William's Medicine Co. Long Street, Cape Town ngo 3s 9d ngegabha noma ngasitupa ngo 4s 6d ungalikokeli iposi.

NGOKULIMA

UMBOLELA PANSI.

Indaba ehlangene kakulu neyomquba ngeyombolela pansi (humus.) Uwhlaba ti uyinhlanganisela yopuqusi lwamatshe nombolela wezilwane nezilimo. Upuqusi lwamatshe luyimpupu yamatshe agaye kile. Indawo yangapezulu yomhlaba wetu yayingamatshe. Ngezindhlela ezinininginí ezahlukene nangokwenza kwezinto eziningi ezizocazwa ngesemva endabeni etile ngokulima, lama tshe ehlepuka kancane kancane aba yizihlepu agayeka aba yimpupu yama tshe eresihlabati nebumba. Umbolela uvela ezilwaneni nezidumbu zazo ezibolayo, notshani obubolayo, nezilimo nezimpande, namakasi namagatsha neziqu zemiti. Zonke lezizinto ezi umbolele, uma zibola zenza esikubiza gokuti umbolela pansi (humus) Ngalokoke sengasho siti: Umhlabati uyimpupu yamatshe ehlangene nombola pansi 'humus' Impupu yamatshe ehlangene nal'ibumba nesihlabati yenza isidumbu somhlabati ingani umbolela pansi ungumpefumulo noma ukupila noma inhliziyo yomhlabati. Kuloku ningazibonela ukuti inkulu kangakanani kndaba yombolela pansi 'humus' nokuti umbolela pansi usweleke kangakanani emhlabatini, nokuti kusweleke kangakanani kinina ukuba nazi okutile ngawo, ukuba nazi ukuwutola nokuwugcina ube maingi emasimini enu. Umhlabati ongenaso isikuntela ufana nesidumbu esingenakupila, esingenampefumulo; isidumbu esinje asinama ndhla okusebenza luto, umhlabati onje aunakuveza luto.

Uma niqoqa umbolela wezilwane noma wezilimo niwenze inqwaba ubolele kuyo uyopenduka ube umhlabati [illegible] ile onsundu noma omnyama. Loku kum umbolela pansi 'humus' kuyinto enis[illegible]hlabati umbala wawo, [illegible]enza ube n[illegible]du noma ube mnyama. Umhlabati o[illegible]atanganiisela yesihlabati nebumba [illegible]pela umhlope, umpofu noma ungwevu. Ake nibuke umbala wemiqwego ekuhamba kuyo izingola lapo kung[illegible]li luto; ngalokoke awuko umbole'a ob angana nomhlabati. Umbala wawo uvem'ukuba mhlope noma ube mpofu. Kodwa ake nipume emgwaqweni niye ensimini noma emfurdeni [illegible] ni niyobona umhlabati unombala omnyama ngoba uno mbolela pansi (humus.) Njengoba nazi kahle, amasimu amasha avundile kakulu kunamadala, ngoba amasimu amasha anombolela omningi kakulu ngalokoke anotile kakulu ngombolela pansi (humus), ingani emasimini amadala ubuningi bombolela pansi sebu ncipisiwe kakulu ngokulima ukudhla njalo. Uma umhlabati unombolela pansi omningi uba mnyama kakulu uvunde kakulu futi. Umhlabati omnyama ufunyaniswa ikakulu ematafeni apansi ngoba umbolela omningi ututwa yimvula iwususa ezindaweni ezipakeme iwuyisa ematafeni lapo uhlangana nomhlabati uwunike umbala wawo omnyama.

Ngalokoke kumelwe ukuba kube yisibomu senu, ukuba nibe nombolela pansi omningi emasimini enu. Manje ke ake sitone ukuti singawavundisa kanjani amasimu etu ngombolela pansi

1. Ngombolela wezilimo ezisala emhlabatini pezu noma ngapansi kwawo, emva kwokuba izilimo sezisusiwe. Lombolela wezilimo ngowezimpande, nezinhlanga, namakasi noku nye okuyimfucumfucu enjalo Manje nizokuqonda engakuzeka endabeni yakuqala ngabalimi bas'eAmerika abati uma bevuna ukolweni basebenzise umshini onquma izikwebu zikakolwen kupela ushiye izinto zake zimile ensimini. Lezizinti ziyalinywa futi ukuba kube kona njalo ubuningi obusweleki leyo bombolela pansi e n s i m i n i. Kodwa uma nenza njengoba kwenza abantu nisuse konke ensimini, izinhlamvu zombile, amahleza, nezinhlanga ngisho nezipunzi nizibase noma nibula la inhlava nimelwe ukuba nifumanise e z i n y e i z i n d h l e l a zokufaka umbolela pansi emasimini enu.

(Isaqutshwa)

The Paragon Sharpening & General Repair Works.

W. A. Kinlock.
179, Umgeni Road,
Durban.

Umleli wezinto zonke ezinobukali, nokuhlendi wezihlutulelo, umvusi wemisi i yakutanga yazo zonke izinhlobo, [illegible] nezinisi wensimisi ngomtefu nangenisi nangokwayo yodwa

Ikeli lasekaya: Inanda M. S.,
Phoenix,

UMOYA ONUKAYO.

Akoko zaba ukuba ungaze ube nomoya omubi. Uvezwa yisisu esibi ungahle [illegible] ngokuginga izinhlamvu [illegible] Zitengiswa yibo bonke abatengisi